



IZIBONELO

Imithetho kubafundi:

1. Funda yonke imithetho ngokucophelela.
2. Phendula yonke imibuzo.

Funda lendaba bese uphendula imibuzo 1 – 4.

Ebusika izingane ezifunda esikoleni sikaGugu zigqoka amashethi anemikhono emide kodwa hhayi uGugu. UGugu ugqoka ingubo enemikhono emvokomvoko ayithungelwa umama wakhe. Umama wakhe wathi uzomnikeza ishethi likaSipho uma selilincane kuye.

Ekilasini nguyena ohlakaniphile ekufundeni incwadi nasekwenzeni izibalo. Uthisha wakhe wejwayele ukukhombisa ezinye izingane umsebenzi kaGugu. Izingane ziye zibabaze ngokumangala zithi “Hawu!” uma zibona umsebenzi kaGugu.

Ngesikhathi sokudlala uGugu nabangani bakhe oNozipho noBusisiwe baye badlale umdlalo kamacashelana. Endlini yokufundela uNozipho uye abone uGugu enobuso obuvuvukele nobunosizi. UNozipho uhlebelala uGugu endlebeni, “Ngiyazi ukuthi yini ungalikhumuli ijezi lakho. Ungazihluphi, ngizokunika elinye lamashethi ami engingasalisebenzisi.” UGugu wajabula kakhulu ngoba wayengeke esalinda ukuba aze athole ishethi likaSipho uma selilincane kuye.

UMPHUMELA WESIFUNDO 3: UKUFUNDA NOKUBHEKA

1. Faka uphawu ebhokisini elinempendulo eyiyo.

Ngezikhathi eziningi uGugu wayedlala no ...

Sipho noBusisiwe

Nozipho noSipho

Busisiwe noNozipho

Nonhlanhla noSipho

UMPHUMELA WESIFUNDO 6: UKWAKHIWA NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

2. Bhala igama elilodwa (1) elisendabeni eliphikisana nalawa

2.1 kukhulu _____ (isigatshana 1)

2.2 ukudumala _____ (isigatshana 3)

UMPHUMELA WESIFUNDO 3: UKUFUNDA NOKUBHEKA

3. Lemisho elandelayo isitshela ngoGugu neshethi lakhe.

Bhala izinamba 1-4 emabhokisini ukhombise ukulandelana kwezinto.

a) UNozipho wathembisa uGugu ishethi.	<input type="checkbox"/>
b) UGugu uphatheke kabi ngoba ugqoka ishethi elithungwe ekhaya.	<input type="checkbox"/>
c) USipho akusafanele aze anike uGugu ishethi lakhe.	<input type="checkbox"/>
d) Umama kaGugu wamthungela ishethi lesikole.	<input type="checkbox"/>

UMPHUMELA WESIFUNDO 5: UKUCABANGA NOKUCABANGISISA

4. Phendula imibuzo elandelayo.

4.1 Kokelezela uhlamvu olunempendulo eyiyo.

Khetha igama elimchaza kangcono uNozipho.

- A. uyahlupha
- B. uyanakekela
- C. uhlakaniphile
- D. ukhathazekile

4.2 Nikeza isizathu sempendulo yakho.

UMPHUMELA WESIFUNDO 4: UKUBHALA

5. **Bhala isigatshana esinemisho emi-5 uchaza ngaloko okwenzayo uma usekhaya. Sebenzisa ofeleba nongqi ukubhala imisho yakho.**

UMPHUMELA WESIFUNDO 5: UKUCABANGA NOKUCABANGISISA

6. **Funda leli thebhula bese uphendula imibuzo elandelayo.**

Uhlelo lohambo		
Amagama	Usuku lwesonto	Indawo
UGugu	ULwesine	EKapa
UBusisiwe	UMsombuluko	EThekwini
UMimi	ULwesithathu	EMonti
UNozipho	ULwesihlanu	EPitoli
USipho	UMgqibelo	EBhayi

- 6.1 Ngubani ekumele aye eBhayi ngoMgqibelo?

- 6.2 Kufanele aye nini uMimi eMonti?
